Ukuphila Ngendlela Ejabulisa UNkulunkulu

(Ingxenye 3)

Isekelwe esahlukweni 12 sencwadi ethi *Lifundisani Ngempela IBhayibheli?* etholakala ku-jw.org/zu.

INJONGO: Hlola lokho okukholelwayo nokuthi kungani ukukholelwa, hlola nalokho okufundiswa iBhayibheli, futhi ubone ukuthi ungazichaza kanjani izinkolelo zakho kwabanye.

INGABE UKUZAMA UKUJABULISA UNKULUNKULU KUWUFANELE UMZAMO?

1 HLOLA IZINKOLELO ZAKHO

Kungani abanye abantu bengathi cha?

Kungani abanye bengathi yebo?

Yini *wena* oyikholelwayo?

Kungani ukukholelwa lokho?

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

2 HLOLA LOKHO OKUFUNDISWA IBHAYIBHELI

Izimfuneko zikaJehova ziyazuzisa futhi zinengqondo.

(Bheka isahluko 12 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli,* izigaba 17-19.)

Funda u-Isaya 48:17, 18.

Izimfuneko zikaJehova zisizuzisa ngaziphi izindlela?

Funda uDuteronomi 30:11-14 neHubo 103:14.

La mavesi abonisa kanjani ukuthi uJehova akalokothi afune ukuba senze okungaphezu kwamandla ethu?

Njengoba sisuke sikhumula izingubo ezingcolile sigqoka ezihlanzekile, kudingeka sikhumule ubuntu obudala sigqoke obusha

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

Kufanele sizame ngokusemandleni ukuphila ngendlela ejabulisa uNkulunkulu.

(Bheka isahluko 12 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli,* izigaba 20-22.)

Funda eyabaseRoma 12:9.

Kungani kunganele ukumane ugweme izinto uNkulunkulu azizondayo?

Funda eyabaseKolose 3:9, 10.

Ngaphezu kokushiya "ubuntu obudala," yini enye okumelwe siyenze ukuze sijabulise uNkulunkulu?

Ukugqoka "ubuntu obusha" kukuzuzise ngaziphi izindlela?

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

3 CHAZA IZINKOLELO ZAKHO

UMA UMUNTU ETHI . . .

Akunakwenzeka ukuthi ushintshe ubuntu bakho.

UNGASE UPHENDULE . . .

Abantu abaningi bangavumelana nalokho. Kodwa ngikholelwa okuhlukile ngoba . . .

_____

_____

Yimuphi umBhalo ongamfundela wona?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

UMA UMUNTU ETHI . . .

Imithetho kaNkulunkulu incisha umuntu inkululeko.

UNGASE UPHENDULE . . .

Kuyiqiniso ukuthi uNkulunkulu usinike imithetho ukuze iqondise ukuziphatha kwethu. Kodwa ngikholelwa ukuthi le mithetho empeleni iyasizuzisa ngoba . . .

_____

_____

Yimuphi umBhalo ongamfundela wona?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania